# IZIKHUMULO

Lawa amagceke/izindawo eziqokwe yiKhomishana ngokweSigaba 6 kanye neSheduli eMithethweni ebeka ukuthi kumele kusungulwe izikhumulo.

Umuntu osebenza noma uwengamele lezi zikhumulo kumele ahlangabezane nemigomo nemibandela edingwa uMnyango wokuThelisa aphinde ahlinzeke ngesibambiso ngefomu elifanele ngaphambi kokuthi kukhishwe imvume/ilayisensi, ngemininingwane eyengeziwe bheka inqubomgomo yamaBhondi/izibambiso i-Bonds policy.

Umuntu osebenza noma owengamele lezi zikhumulo kumele, uma izikhumulo sezinezimvume, aphinde abhalise noMnyango wokuThelisa:

- njengombiki wempahla (umsebenzisi we-RCG) ngenhloso yokubika ukungena nokuphuma kwempahla emagcekeni anemvume ngokulandela uhlelo lwe-RCG; kanye
- nanjengomsebenzisi we-EDI ukuze ezokwazisa ngale mibiko nge-inthanethi iye eMnyangweni wokuThelisa esebenzisa uhlelo lwe-RCG, bheka ku-EDI user.

Ipulani lesiza kumele lithunyelwe nefomu lokufaka isicelo futhi kumele liveze ngokusobala lokhu okulandelayo:

- UMnyango wokuThelisa ozokwenza imisebenzi yokuphoqelela umthetho;
- Ukuhlolwa kwekhontena noma kwebhanoyi elithwala impahla;
- Ukufakwa kwezinto zokuhlola ngemishini ama-scanner;
- Indawo yabaSebenzi boMnyango wokuThelisa yokumisa izimoto; kanye
- nendawo yesikhashana yokugcina izimpahla eziboshiwe noma ezibanjiwe, amakhontena noma izimpahla ezithuthwe ngebhanoyi ngenkathi kusalindwe kuqedelwe izinyathelo okumele zithathwe mayelana nezimpahla.

**Okwamanje zisembili izinhlobo zezikhumulo:**

## Isikhumulo samaKhontena

Isikhumulo samakhontena sagunyazwa ngokweSigaba 6(1)(hB) ezindaweni eziqokwe kuSheduli yeMithetho (Rule 200.08). Zisetshenziselwa ukugcina, ukubopha, ukuthulula noma ukuhlola amakhontena noma okuqukethwe amakhontena. Lokhu kwenzelwe ikakhulu izimpahla ezilethwe kwabangenisa izimpahla ezweni bezinto eziqukethwe amakhontena emva kokuthi lezo zinto sezifakwe ngendlela noma uma kupakishwa amakhontena izimpahla ezithekeliswayo.

Izikhumulo zamakhontena, ezivamise ukuba ngaphandle wendawo yechweba, zigunyazwe ngenhloso yokwengeza umthamo wamakhontena kanjalo nenhloso yokuthulula izimpahla ezilethelwe umuntu noma ukupakishwa kwezimpahla ezizothelekiswa.

Umsebenzi wasesiKhumulweni kumele ahlangabezane nemigomo nemibandela edingwa uMnyango wokuThelisa kanti lokhu kufaka nokufakwa kwesibambiso ngefomu elifanele ngaphambi kokuthi kukhishwe imvume. Ngolwazi olwengeziwe ungabheka amabhondi/isibambiso ama-bonds/surety.

Umninimvume wale ndawo wenza le misebenzi elandelayo kulawa magceke:

- Ukugcinwa kwamakhontena kuze kube ukuthi konke ebikuphethe sekukhishiwe okuzosetshenziswa ekhaya noma kukhishelwe ukuthelekiswa;
- Ukuthululwa kwamakhontena;
- Ukuboshwa, ukubanjwa kwezimpahla noma kwamakhontena;
- Ukuhlolwa kwamakhontena noma kokuqukethwe amakhontena;
- Ukulethwa kokuqukethwe amakhontena kulowo ongenisa impahla ezweni emva kokuthi okuphakathi sekufakwe ngendlela; noma
- Ukupakishwa kwamakhontena azothelekiswa.

## Isikhumulo/idepho yokuhlukanisa

Isikhumulo sokuhlukanisa sagunyazwa ngokweSigaba 6(1)(hC) ezindaweni eziqokiwe kuSheduli yeMithetho (Rule 200.09). Sithi izimpahla ezithuthwa ngendiza/ngebhanoyi zingasuswa esikhumulweni ngaphambi kokuthi zingene zizogcinwa, ziboshwa, zithululwa noma zizohlolwa ukupakishwa kwazo noma kokuqukethwe; noma ukuzosuswa

kwazo ziyiswe kwesinye isikhumulo sokuhlukanisa noma ukuhanjiswa kwabangenisa izimpahla ezweni emva kokuba zingenile; noma ngeminye imisebenzi engacaciswa umthetho.

Izikhumulo zokuhlukanisa ngokweSigaba 64G, zisetshenziselwa:

- Ukususwa kwempahla ethuthwa ngendiza/ngebhanoyi isuka esikhumulweni ngaphambi kokuthi zingene endaweni ezizogcinwa kuyo;
- Ukuboshwa kwezimpahla ezihamba ngendiza/ngebhanoyi;
- Ukuthululwa kwezimpahla ezihamba ngebhanoyi/ngendiza;
- Ukuhlolwa kwezimpahla ezipakishwe zahlanganiswa noma okuqukethwe;
- Ukususwa ziyiswe kwesinye isikhumulo sokuhlukanisa; noma
- Ukuhanjiswa kwempahla ethuthwa ngendiza/ngebhanoyi kongenisa impahla ezweni emva kokungena kwazo.

**Isungqangi:** Umuntu osebenza noma uwengamele lezi zikhumulo kumele ahlangabezane nemigomo nemibandela edingwa uMnyango wokuThelisa kanti lokhu kufaka nokufakwa kwesibambiso ngefomu elifanele ngaphambi kokuba kukhishwe imvume/ilayisensi efanele.

Ngeminye imininingwane, ungabheka lawa madokhumenti angezansi:
Facilities Code List External Annexure

## Imaphi amafomu adingekayo uma ufuna imvume yeKhontena / yesiKhumulo sokuHlukanisa?

- Uma ufuna imvume yesiKhumulo samaKhontena - Leli fomu kumele litholakale kuMsebenzi wokuBhalisa nokuthola iMvume: eNhlokohhovisi nakusizindalwazi sakwa-SARS.
- DA 64G 01 Application form: Licensing of a Degrouping Depot.

Ngolwazi mayelana nokugcinwa kwesikhashana, cofa lapha.